

**UKWETHULWA KWEMALI YESAKHIWO SEHHOLO
LOMPHAKATHI E-WATERSMEET**

Inkulumo ka

**MB GWALA, MPP
uNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi**

WATERSMEET EMNAMBITHI

11 DECEMBER 2005

Kunesisho esithi, izingqondo ezincane zidingida ngabantu, kanti izingqondo eziphakathi nendawo zidingida izehlakalo kodwa izingqondo ezinkulu zidingida amaqhinga okwenza izinto zibe yimpumelelo. Ngakho-ke ngineqiniso mphathiwohlelo ukuthi ukuba salibala ukucabanga ngamagama abantu noma izehlakalo sasingeke siphumelele ukuba sihlanganyelele kulokhu esizokwenza lapha namuhla.

Nginentokozo enkulu ukuba ngibe yingxenye yalomphakathi wasePhayikeni ocabanga ngamaqhinga empumelelo nosekwenze lawo maqhinga afinyelela kuleli qophelo lempumelelo esingayo lapha e-Watersmeet namuhla. Njengezinye izingxenye zesifunda sase Mnambithi, abantu base Watersmeet bazi kahle kamhlophe ukuthi kusho ukuthini ukuhlala ngaphansi kwezimo zokwentuleka kwentuthuko. Abantu base Mnambithi bazi kahle ukuthi kusho ukuthini ukuhlala ngaphansi kokwesatshiswa ngaphansi kwezimo zobugebengu obudalwa wukwentuleka kwemisebenzi. Bazi kahle kakhulu ukuthi kusho ukuthini ukwentula ingqalasizinda kanye nezinye izidingo ezazithathwa kancane yimiphakathi ekhomba

ngophakathi. Ngakho-ke kunginikeza intokozo enkulu ukuba namuhla ngihlanganyele nani njengomunye wabaholi bakaHulumeni wabantu, ukuze sifakazele ukukhula kwentuthuko ezindaweni okuphila kuzo abantu bakithi. Ubukhona bami lapha namuhla ukuzoqiniseka ukuthi siyaqala ukwakhiwa isikhungo sentuthuko esizodala amathuba emisebenzi ehlukenene ngokunjalo kuqedwe ubuphofu emiphakathini yakithi.

Ngingowokuqala ukufakazela ukuthi kusadingeka ukuba sihambe elide ibanga ukufinyelela kulokho esingakubiza ngokuthi kuyizimo zokuphila eziphelele noma ezenele. Nokho-ke siyazi sonke ukuthi ngeke kwenzeke umlingo wokuthi sithi sivuka nje konke kube sekulungile (Rome was not built in a day). Umsebenzi oyisimangaliso esihlangene ngawo namuhla, uwubufakazi bokuthi zikhona izinyathelo esizithathayo ukufeza imigomo yalokho esikwazi njenge “Batho Pele” okuwukuthi ngesiZulu esihle Abantu Phambili, okuyiyona esisebenzela phezu kwayo ukuguqula izinhlopheko zeminyaka zabantu bakithi ebezicekela phansi isithunzi kanye nenhlalakahle yesizwe sonke.

Ngenkathi ngiqala ukuba nguNgqongqoshe nyakenye, ngazibophezela ukusebenzisa onke amandla ami nawoMnyango wami nalolonke ulwazi esinalo eMnyangweni, ukubhekela ukutholakala kwengqalasizinda eseqophelweni eliphezulu nehambisana nezidingo zomphakathi wethu, ukuthuthukisa osomabhizinisi abancane emizamweni yethu yokubamba iqhaza elibonakalayo ekunikezeni amandla abantu bakithi kanye

nokuthuthukisa ezomnotho kulelizwe. Silapha ukuzofakazela inqubekelaphambili esitholakele kulokho esakufungela ePhalamende ngenkathi sithatha izikhundla zokusebenzela abantu. Ngineqiniso ukuthi loluhlelo oluzokwakhiwa lapha ngeke kuthi zisuka nje phansi amadaka, luguqule izimpilo zabantu, kodwa ngineqiniso elingephikiswe ekuthini loluhlelo luyokwenza umehluko omangalisayo ohanjeni lwethu olubheke ekwenelisekeni okuphelele. Yilokho esikuphilelayo lapha kulomhlaba- ukweneliseka.

Isikhathi siyahamba asilinde muntu. Izinti zewashi ziyaqhubeka kanti akukho muntu ongazimisa lezizinti noma ahlehlise iwashi. Kwenye inkathi siye sifise ukuba siguqule lokho okubulale izihlobo zethu kube ngokuphilisayo ukuze sibuyelwe ngabathandiweyo bethu kodwa lutho. Sifise sengathi ngabe sithenge leyandlu noma leyamoto ngesikhathi esithile, kodwa isikhathi asinandaba nalokho siyahamba siyaqhubeka, osekwenzekile sekwenzekile. Isikhathi sinomsebenzi owodwa siqhubekela phambili.

Namuhla njengoba ngikhuluma nani nje, isikhathi siyaqhubeka, ngomuso ngiyobe ngimi lapha sengingasakhulumi ngalokhu engize ngakho namuhla, ngiyobe sengihlabela phambili. Ungakukholwa nje ukuthi sesingenela okhethweni lwesine? Isikhathi siyahamba uyeza uMashi wonyaka ozayo, ngoNhlolanja siyobe sesithi ngenyanga ezayo. Sekuyokhetha ukhethi-ke ukuthi singabantu abanjani abadingida abantu, izigameko noma amaqhinga okukhetha abantu abasisebenzelayo ukuze kwakheke uHulumeni osibusa ngendlela efunwa yithina.

Njengamanje, isizwe sigqilazwe ikakhulukazi yizinto ezintathu ezweni, ubuphofu, ukungazi nezifo. Okunye kwalokhu kudalwa yimiphumela yegalelo lobandlululo endlini empisholo, njengalokhu abamHlophe babenza ngamabomu ukuba sihlale simpofu ukuze sihlale sincike kubo ngoba benamandla ezomnotho, ngokunjalo nakho ukungazi lokhu, kuyisifo ngokwakho ngoba umuntu ongazi uyesaba akazethembi. Umuntu ongazethembi nowesabayo akasoze enza lutho olumphumelelisayo empilweni. Ngakho-ke izinhlelo esiziphethe eMnyangweni ezinjengalolu esize ngalo lapha, ziholela ekuthini kusuke ubuphofu kube khona inhlalakahle ngenxa yokutholakala kwemisebenzi. Kanti nokungazi kuyanqobeka ngokutholakala kwezifundo zamakhono ehlukene, nokwenza umuntu aqale ukuzethemba, bese kuncipha nezifo ngenxa yokutholakala kokudla okunomsoco.

Uhlelo lweMisebenzi Yomphakathi Olunwetshiwe, i- Expanded Public Works Programme (EPWP) luwenza loMnyango wami, ube yinjini yokukhulisa ezomnotho ngokuzibandakanya kwawo ekusunguleni izinhlelo zentuthuko. Sise lapho mphathi wohlelo ngibala nokuthuthukiswa kosonkontileka abancane, kanye nohlelo lwezinhlangano zobambiswano (co-operatives). Kuzozonke lezizinhlelo, abesifazane bathola amathuba emisebenzi angamaphesenti angamashumi amahlanu, intsha ithole amaphesenti angamashumi amathathu, abakhubazekile bathole amabili bese ingxenye esala lapho ibe ngeyabesilisa.

Ngokusebenzisa loMnyango, uHulumeni usekhiphe isamba semali eyizigidi ezimbili zamarandi ukuze kuqeqeshwe osonkontleka abancane. Inhloso yalokho wukubaqeqesha ekusebenziseni izindlela kanye nokusingathwa komsebenzi wezokwakha ukuze bahambisane nemigomo ye Expanded Public Works Programme. Mangisho mphathiwohlelo ukuthi osonkontleka abancane sebenze imisebenzi eminingi kakhulu, badala namathuba emisebenzi ngenxa yemishini yokwakha amabhulokhi eyakhishwa yiloMnyango. Lemishini ibisetshenziselwa izinhlelo zokwakha emphakathini kanye nakoMasipala. Lapha nje eNquthu, imishini emine yaloluhlobo, eyanikezwa I- Nquthu Contractors Association, yasetshenziselwa uhlelo lokwakha izindlu kuleyandawo.

Ngiyazi kusekuningi okudinga ukwenziwa mayelana nezidingongqangi zabantu abahluphekayo emakhaya, okubalwa kuzo imigwaqo, amanzi nogesi. Nakuba uMnyango wami ungaqondene nalokhu, kodwa uma sithola isicelo saloluhlobo, siyasidlulisela eMnyangweni kazwelonke oqondene nakho, ukuze kucutshungulwe, siphinde sikubhalele wena ofake isicelo sikwazise ngesinyathelo esisithathile.

Kulamasonto edlule ngivakashela eJozini, ukuyovula isikhungo so hlobo olufana nalolu, nakhona bekungolwesamba esifanayo. Sebezogala bavune izithelo zokudingida kwabo amaqhinga empumelelo, hhayi ukukhuluma ngamagama abantu. NgeSonto

eledlule mhlaka 4, bengiyokwethula isheke lemali efanayo ezokwakha sona lesisikhungo futhi eNtambanana ngaseMpangeni. Ngaphinde ngaphikelela eMakhathini Flats, lena Obonjeni lapho bengimenywe khona ngomama abazimiseleyo ngentuthuko. Labomama bacela ukuba ngibacebise ukuthi bangaziqoqela kanjani otikana, okwathi sesibonisene bagcina sebeqoqe imali eningi kakhulu. Ngakho-ke bengilaphayana ukuyobacebisa futhi ukuthi bangayisebenzisa kanjani-ke ukuze bangalahli amandla abo angaka abawajulukele isikhathi eside kangaka. Njengoba sengilapha-ke namuhla, ngisazoqhubeka nomsebenzi wokufaka isandla emphakathini ukuba uzithuthukise.

Namuhla, thina njengoMnyango Wezemisebenzi yoMphakathi, sinentokozo ukwedlulisela lelisheke lezigidi ezimbili namakhulu amahlanu ezinkulungwane zamarandi (R2.5 Million) kwabe Independent Development Trust (IDT) okuyibona abasakhela lezi zakhiwo zemiphakathi, ezizohamba ibanga elide ekwakheni amathuba emisebenzi, ngenkathi ziqala ukwakhiwa noma seziphothuliwe. Lokho kuyokwenza ukuba abantu bakithi baphile impilo entofontofo. Ngiyafisa ukwazi-ke ukuthi ngubani ongama phambi kwenu athi uMnyango WeZemisebenzi kawumenzelanga lutho. Mangigcizelele ekuthini akukhona ukuthi siphokophele ukuzuza kwezombusazwe, kodwa lolu wuhlelo ekade lwahlelwa kungakaziwa nokuthi kuza ukhetho. Esikuphokophele njengoMnyango, wukunqanda ubuphofu nendlala ekhungethe izwe nokuholela nasezifweni ezithathelwanayo okubalwa kuzo ngisho nengculazi uqobo.

Manje-ke njengoba sethula lelisheke lokuba kuqalwe lesisikhungo samakhono ehlukenene (MPCC), sithi kini qhubekani nokusebenza ngokubambisana noMnyango wami ukuze sikwazi ukufinyelela lapho esihlose khona.

Sengizobiza lapha bona-ke abakwa IDT bazokwemukela lelisheke

Ngiyathokoza